

*Joyce Malima, umqondisi we TWRabesifazane abanethemba eTanzania, ebambe umhlangano womkhuleko eNyarugusu endaweni yababaleki 2017*

**sikhulekela**

# *Ababaleki besifazane*

***IsiZulu***

Izikhathi eziningi uNkulunkulu uphendula imikhuleko yethu ngezindlela esingazilindele. Iminyaka, izinkulungwane zabakhuleki be TWR Abesifazane Abanethemba bekhulekela ukuthi abesifazane abangabodwana ezweni lama Arab, maphakathi ne Asiriya, nenyakatho Afrika ukuba babe namathuba okuzwa uthando lukaNkulunkulu ngabo. Manje iningi lalabo besifazane sebeshiyile ukuba ngabodwana emazweni abo sebefuna ukuphepha nethemba eYurophu. Loku okubalethela ukuba ekugcineni bezwe ngoNkulunkulu obathandayo obamemela ekutholeni isipho sensindiso ngoJesu Krestu indodana yakhe.

Ngenkathi inkinga yezifika namthwalo emnyakeni embalwa edlule yehla eYurophu, emhlabeni jikelele kunezigidi zababaleki nabangenazo izindawo abaphoqelekile ukuya kwamanye amazwe ngenxa yezimpi, ukushushiswa, nendlala noma izimo zemvelo, besahamba bebalekela izimo ezibuhlungu kwesinye isikhathi noma sebefikile emakamu ababaleki bathola izifo , ukudlwengulwa, ubugqila, indlala nokufa. Bayasaba bahlukumezekile futhi badinga abangane abangamaKrestu abangabapha ithemba.

Akusikho ukuthi lezigidi zababaleki zihlukumezeka ngokomzimba kuphela, kodwa ukuhlukumezeka komqondo kubalandela iminyaka emininingi. Iningi labo lishiye abazali asebegugile emuva, babona abathandiweyo babo befa kabuhlungu noma beshawa ngesihluku bedlwengulwa. Manje sekumele bafunde izilimi ezintsha, imithetho namasiko. Abanye abamukelwa emazweni abo amasha. Ukuba khona kwabo kuzoshintsha Impilo emiphakathini yabo okuzogcina kudale ukuthi iningi lomakhelwane babo babasabe noma babazonde.

ITWR ifisa ukukhuluma ithemba kubabaleki abashiye konke ngethemba lempilo encono. Ngokuhlanganyela namasonto nezinkonzo zababaleki sibahlinzeka ngezinto zemidiya eziqukethe imininingwane emayelana nempilo ababhekana nako labo abafuna izindawo zokukhosela, singabelana ngezindaba ezinhle zikaJesu Krestu ngolimi lwabo nezindlela zamasikompilo abo nokwenzakalayo.

***"Uma umfokazi egogobele kuwe ezweni lakini, aniyikumhlupha."*** Levitikusi 19:33.

twr ABESIFAZANE ABANETHEMBA

**TWR Women of Hope Africa** • P O Box 4232, Kempton Park, 1620, South Africa • +27 11 974 2886 • info@twrwomenofhopeafrica.org • twrwomenofhopeafrica.org

| | | |
|---|---|---|
| **1.** Omama abangababaleki abazama ukunakekela imindeni yabo ngokuncane ukudla,amanzi ahlanzekile ugesi nokunye | **2.** Izinhlelo zabesifazane ezindaweni zababaleki zifinyelele kulaba abafisa ukwazi ngo Jesu. | **3.** Iningi lababaleki abamukela uKrestu beqala ukuzwa ngothando lukaNkulunkulu nesipho sensindiso. Nenkululeko yokukhetha ukholo lwabo kusha kwabaningi, khuleka ukuze benze izinqumo ezinobuhlakani |
| **4.** Ababaleki e Dadaab eKenya ababhekene nefu lekusasa njengoba ukuvalwa kwesikhungo sekuzwakale izikhathi eziningi.. | **5.** Inkulungwane yabababaleki abahamba ezinkonzweni bacela ukubhabhadiswa. Bafuna ukukhuseliswa. Khuleka ukuthi iningi libe ngamakholwa eqiniso | **6.** Ukuhlinzekwa kulabo abamukela abantwana abafike behamba bodwa ababalekele eAddis Ababa. Khuleka ukuthi iNkosi ibalaphe ekuhlukumezekeni bokubhekana nodlame besabancane. |
| **7.** Abantu abaxakwe ukuhlinzeka imindeni yabo babone izinkulungwane zabababaleki zigcwalisa izwe labo | **8.** Izinkulungwane zama Eritreans ezikhungweni zababaleki Ethopiya zifuna indawo yokukhosela endlaleni , ebugqilini,ekuhlushweni nokubulawa ezweni abo. | **9.** Abesifazane abangamaKrestu eYurophu abafinyelela kubabaleki . Khuleka ukuthi lababababaleki base middle east, Afrika central Asia nase yurope bathole indawo ephephile nobungane nesipho sikaNkulunkulu sensindiso, |
| **10.** Ababaleki base Somali abangaphezu kuka 80 oooabase Kenya, Ethopiya nase Yemen bezwe izinhlelo zabesifazane abanethemba ngolimi lwabo bafunde ukuthi uJesu uyabathanda ufisa ukubuyisa isithunzi sabo nenkululeko ezibophweni zamasiko abo ehlisa isithunzi. | **11.** Abawu 140,000 base Maynmar, iningi lase Karen abahlale ezinkambini zababaleki eThailand iminyaka engu 30. U70 wamaphesenti wabase Karen lingamaBuddhist noma ama animist, u20 phesenti ungamaKrestu. Khuleka ukuthi Is'gaw Karen Abesifazane abanethemba izoletha induduzo nokuthula ezimpilweni zabo ezihlukumezekile. Bashiye amakhaya abo bebalekela ukubulawa, ukuhlushwa, ukudlwengulwa neziqhumane nobugqila. | **12.** Abasindile ekubulaweni ekuhlanjululweni ezimpini ekuboshweni ukubangwa kwemincele, ezenkolo nezombusazwe nezimpi zokuzibusa, cela iNkosi ukuba babuyisane ibaphe nokwelashwa nokuthula kwezingane zabo. |
| **13.** Abesifazane abakhulelwayo ngenxa yokudlwengulwa noma besahamba uhambo olunzima. Cela Inkosi ukuba bathole usizo lwezempilo, okomqondo nangokomoya. | **14.** Abahlali bendawo abazizwela benovalo uma bebona amakhulu noma izinkulungwane zababaleki- beza namasiko abo nezinkolo nolwimi lwabo- beza emiphakathini yabo. | **15.** Izimpilo zababaleki ezisengcupheni uma abanye bethola ukuthi balalela izinhlelo zemisakazo yamakholwa bafunde nemibhalo. |
| **16.** AmaKrestu ashiye imiphakathi namazwe abo ngenxa yokushushiswa kwezenkolo. Khulekela ukuthi bathole amaqembu amakholwa azobathanda abamukele. | **17.** Abesifazane namantombazane ashawe ngesihluku adlwengulwa kuphindelelwa baphoqelela ukushada nabezenkolo ngenkani ngenxa yokusabela izimpilo zabo noma imindeni yabo. Abaningi bazibulele bebalekela ubugqila bocansi. | **18.** Imindeni ehlukanisiwe futhi engazi noma amalunga abo asaphila . Noma sebebatholile abalahlekile bengahlangani ngoba besaba ukuthi bazolahlekelwa usizo lwezimali ngeke bakwazi ukuphila ndawonye bengenalo. |
| **19.** Abalingani beTWR ezweni nezinhlangano zamaKrestu abaxhumana ngqo nabababaleki njengoba besabalalisa izinhlelo zabesifazane basize abafunayo ukuqonda iqiniso ngoNkulunkulu. | **20.** Abaholi nabantu baseJalimane, France, Greee, Spain, Italy ne United Kingdom amazwe asemqoka abafake izicelo zokukhosela. | **21.** Isihe sinikezwe ngabaholi bamazwe afukamele abokufika , ababaleki kanye nabafuna ukukhoseliswa besafuna izindlela zesimo sozomthetho. Loku kuzoba vumela ukuhlala labekhona ngokomthetho bathole namalungelo nezinsiza. |
| **22.** Uhulumeni emhlabeni jikelele abeke izinguquko zomthetho nezombusazwe ezidingekayo ukuze kulungiswe kahle kuqedwe ukungabi namthetho, okuchaza abantu njengabangenabuzwe noma kuliphi izwe, iningi labo abantwana. | **23.** UNkulunkulu aguqule izinhliziyo zabaholi emazweni angamashumi amabili nambili angabavumeli abesifazane ukushintsha ubuzwe babo ezinganeni zabo bagcine bengenabuzwe uma ubaba engaziwa, edukile noma eshonile. | **24.** Abaholi bamazwe baphoqe ukuba kubekwe icala labo abahlasela abamsulwa nangokungasebenzisi kahle imithombo yemvelo ebalulekile (oyela, amadayimane, nokunye,) nezezimali ezitholakala kwizinhlangano zokusiza, "Nkulunkulu wami ngikhulule esandleni somubi esandleni songalungile nesonakeleyo" (IHubo 71:4). |
| **25.** Umoya kaNkulunkulu unyakaze kulawo mazwe ahluthulwe izimpi, aphilise izinhliziyo nemiqondo , abuyisele imindeni. | **26.** Abagcini boxolo beUN ababiziwe ukuvikela ababaleki abangaphezu kwezigidi ezingu60 nabangenandawo emhlabeni jikelele. Khulekela ukuba bangahlukumezi amantombazane nabesifazane kodwa babaphathe ngobuqotho nesithunzi. | **27.** Abesifazane namantombazane abasengozini yokusetshenziselwa ukudayisa ngomzimba noma badayiswe babe ngomakoti ukuze amalunga emindeni athole imali yokuzithuthukisa empilweni. |
| **28.** Ababaleki nabantu abangenandawo abahlangabezana nezimo ezithusayo besazama ukuthola izindawo eziphephile nemindeni yabo . Yize abanye benenhlanhla yokuthola amakamu banakekelwe ngezinsiza, bambalwa abakwazi ukusebenza baphile ngokuzimela. Iningi libhekana nezingqinamba. | **29.** Izifika namthwalo eziya kwamanye amazwe ngenxa yezomnotho kodwa banganikwa ukukhosela, Iningi lincamela ukufa kunokubuyela emuva, lapho kungekho imisebenzi imindeni yabo ihlupheka, | **30.** Izinkulungwane zamantombazane asemancane abalekela udlame lokudlwengulwa eLaos nase Maymar nasogibeni lobugqila ngokocansi eThailand. Khulekela ukuba bathole indawo ephephile ezindaweni lapho bengathola uqeqesho lwemisebenzi bathole namazwi enduduzo besalalele izinhlelo ze S'gaw Karen, Isaan neThai zabesifazane abanethemba. |